


ZINGAPHEZU KUKA-700 IZINDAWO EZINEMIJONDOLO EZIDINGA UKUPHUCULWA



Uluka Joe Informal Settlement Upgrade Project kulMasipala weMdawo uKusunduzi.


UKWENZA 'IDOLOBHA ELIHLAKANIPHILE'

UMNANYANGO wenza imisebenzi ezoshintsha izinto eyisishiyagalombili ezifundeni ezehlukene eKZN yonke. Ikhombisa ukuba yizinhlelo ezizoshintsha izinto ezimqoka uma kuphatwa eyokuhlala neyezimo zokuhlaliswa kwabantu. Kulezi zinhlelo kubalwa iCornubia Integrated Residential Development Project (i-IRDP) (esesithombeni) eThekwini. Njengoba kuzogcina kuhlomule abantu abacela ku-28 000, Isigaba 2 somsebenzi waseCornubia sesizoqala. Lolu hlobo lwezindawo zokuhlala oluxubile luzokwenza enye "yamadolobha ahlakanihile" amasha.


UHLELO lomnyango lokuphucula imijondolo i-Informal Settlements Upgrade Programme (i-ISUP) lubhekene nenselelo eguquguqukayo. Nokho-ke, lokhu akuwuthiyile umnyango kanti usubone izindawo ezinemijondolo ezingu-745 ezidinga ukuphuculwa esifundazweni sonke, kanti iningi lazo likuMasipala waseThekwini (zingu-524). Zingu-81 izindawo ezilungiswayo kumanje. Zisezifundeni ezisithupha okuyiHarry Gwala, Ilembe, izululand, UGu, uMgunqundlovu noInhukela.

UMSEBENZI WOKWAKHA WOKUQALA KAMAKHI OMNYAMA

UMNANYANGO uzokwethula izindlu ezivu-1 130 eBridge City kuMasipala waseThekwini. Wumsebenzi wokuqala owenziwe yinkampani ezimele yomakhi omnyama i-Stratlin Property Developers. Sezinhlamu manje izikhungo ezibhalisiwe zabantu abamnyama amaSocial Housing Institutes (amaSHI) ohlelweni lomnyango lokwakha izindlu zomphakathi. Enye yalana SHI yiBuhlebezwe Non-Profit Company izovula isakhitwo esinezindlu ezivu-1 056 kuHospital Street kuMasipala waseNewcastle.



Umfanekiso womwebi weBridge City Social Housing Project.



ISIGCAWU SEZOKUQASHISA ESISHA SIZOQHUBEKA NOMSEBENZI OMUHLE

I-RENTAL Housing Tribunal ixazulule amacala awu-1 895 ngonyaka wezimali odlule. Izithangami zokucobelelana ngolwazi zesigcawu sezokuyaqashisa zenze ukuthi iziqashi zazi ngamalungelo azo. Lokhu wumsebenzi womnyango omqoka njengoba abantu bethwele kanzima ngokukhokha irenti ngenxa yobunzima obudalwe yiCovid-19

nomvalelwandlini: Kunomsebenzi omuhle owenziwe ngamalungu amadala, asephelelwe yisikhathi. Umnyango uzokhipha izikhala zamalungu amasha esigcawu ayisikhombisa, okuzoba ngamalungu amahlanu agcwele namabili acuphile.



KWAZULU-NATAL PROVINCE
HUMAN SETTLEMENTS
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA



(033) 392 6400 / (031) 336 5300

www.kzndis.gov.za

Kwazulu-Natal Department of Human Settlements



kzndis



0800 701 701